# Inyoka enesizungu

Ibhalwe nguSanelisiwe Maliza | Imifanekiso nguShadrack Munene

“Sssssss,” kukhala Ichwane leNyoka.

Lapho Ichwane leNyoka lihuhuluza ngesisu liphuma emgodini walo ukuze liyodlala, kwabaleka zonke izilwane. UNomphishamanzi wandiza wayohlala egatsheni eliphezulu esihlahleni. Amagundane avele asakazeka. Ichwane lengungumbane laxhamazela laya esidlekeni sayo.

“Kungani ezinye izilwane zingangithandi, Mama?” kukhala Ichwane leNyoka. “Njalo uma ngizama ukuyodlala ngaphandle nazo, zibaleka zingasabingelelanga.”

“Zazizwe izindaba ezimbi ngezinyoka. Izilwane zicabanga ukuthi zimbi izinyoka. Ziyasesaba,” kusho uMama uNyoka.



Ichwane leNyoka lalibukele ngemuva kwamadwala ngesikhathi ezinye izilwane zidlala ndawonye. “Zibukeka sengathi zijabule kakhulu,” kusho lona ngokudangala.

Ichwane leNyoka lezwaukukhala. Lahuhuluza ngesisu lasondela eduze.

Iqembu lezindabushe laligcona futhi lithimsela ngamathe Ichwane leNgungumbane.

“Ngicela niyeke le nto eniyenzayo,” kuchiphiza iNgungumbane.

Ichwane leNyoka lahuhuluza ngesisu lasondela nakakhudlwana.



“SSSSSSSSSSSSSS!”

Iziqhwaga zethuka kakhulu, zabaleka ngokushesha ngendlela ezazikwazi ukwenza ngayo.

“Ngiyabonga,” kuhoshoza iNgungumbane.

“Ayikho inkinga,” kusho Ichwane leNyoka ngesihosho. “Hlala uhleli nami ukuze leziya ziqhwaga zingazophinde zikuchukuluze futhi!”



Kuze kube yinamhlanje, iNyoka kanye neNgungumbane zihlala omunye eduze komunye, zithokozile.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

# Inyoka enesizungu

Ibhalwe nguSanelisiwe Maliza • Imifanekiso nguShadrack Munene

## Imibono okungaxoxwa ngayo

Ucabanga ukuthi amawundlu ekati lasendle bekufanele enzeni lapho iNgungumbane ithi, "Ngicela niyeke le nto eniyenzayo"?

Ucabanga ukuthi iNgungumbane yayimangele ngokuthi iNyoka imsizile? Kungani?

Yiziphi izinhlobo zendaba oke wazizwa noma wazifunda mayelana nezinyoka?

## Ezibonakalayo

Dweba isithombe senyoka. Faka imibala bese ufaka igwebu lenkulumo. Bhala umsindo owenziwa izinyoka phakathi kwegwebu lenkulumo.

## Ukufunda

Funda isihloko sendaba. Yibe usuzenzela izihloko zakho ezimbili zendaba.

## Ukubhala

Emzimbeni wenyoka, bhala amagama achaza izinyoka.

## Umsebenzi wezandla

Sebenzisa izinduku zikamentshisi nenhlama yokudlala noma ubumba ukuze wenze izingungumbane kanye nezinyoka.

## Ukusebenza

Nyakaza njengezilwane ezisendabeni: swebezela njengenyoka, hamba hamba ube umoyizela futhi uphimisela njengamawundlu ekati lasendle, bonisa izikhwili zakho zezingungumbane.